


Linda ngize ngikhuluphale ngokwanele!

Ixo wa kabusha ngu Wendy Hartmann
Imidwebo ngu Simphiwe Mangole



Kwesukasukela, kwakukhona imbuzi eyayihlala eTranskei. Njalo ngonyaka le mbuzi yayihamba iye emagqumeni ezinyangeni zokuqala zehlobo. Yayiya kule ndawo ngoba kwakunokudla okuningana futhi yayikwazi ukudla ngendlela ethanda ngayo.

Ngahlobo limbe yahamba yaqonda emagqumeni. Yayisazihambela ngendlela nje ngenkathi kuthi memfu phambi kwayo ingangamela yengwe.

“Sawubona, Nkz Mbuzi,” kwasho ingwe. “Ubabele kuphi?”

“Awu, Mnu Ngwe,” kuperhendula imbuzi, iphethwe wuvalo, iqhaqhzela ukusuka ekhanda kuya onyaweni, “ngisaya laphaya emagqumeni ukuze ngidle ukudla okumnandi khona.”




“Yebo-ke,” kusho ingwe. “Ngiyakudabukela kodwa, ntombi, ngoba nami ngilambile. Ngakho, uxole, akukho lapho oya khona! Kufanele ngikudle khona manje, futhi khona lapha!”

“Kahle bo, Mnu Ngwe,” kwasho imbuzi. “Ungakwenzi lokho. Cha, cha, cha! Ungangidli manje. Linda ngize ngikhuluphale ngokwanele. Linda nje kwedlule ihlobo. Ngizobe sengikhuluphele kakhudlwana lapho, uzobe usunokudla okuningi impela ongakudla.”

“Hhaaa,” kwasho ingwe. “Wumqondo omuhle lowo. Kulungile-ke, ngeke ngikudle manje, inqobo nje uma uthembisa ukuthi uma usubuya, uzongithola khona lapha esime khona.”

Nebala imbuzi eyethukile yathembisa, yayisiqhube ka nohambo lwayo. Yathi uma isifika emagqumeni, yakohlwa yikho konke mayelana nengwe. Lonke ihlobo yachitha isikhathi idla izimila eziluhlaza ezimnandi eziemagqumeni. Kwathi uma kufika ukuphela kwehlobo, yayisiyinhle futhi ikhuluphele. Nebala kwase kufike isikhathi sokuthi ishiye amagquma ibuyele ekhaya.



Kungalesi sikhathi isihamba ibuyela ekhaya lapho yakhumbula khona ukuthi yayiyethembiseni ingwe. Isinyathelo ngasinye eyayisithatha lapho ihamba, uvalo oluyiphethe lwaluya lukhula. Akuphelanga sikhathi esingakanani yayisilapho eyayithe izohlangana khona nengwe.

“Ngizokwenze njani?” isho iphumisela.

Kusenjalo kwaqhamuka unogwaja ugxumagxuma, wawusuma usuyibingeleta.

“Sawubona, Nkz Mbuzi,” kusho unogwaja. “Ubukeka uphilile futhi ukhuluphele. Kodwa yini ubukeka ukhathazekile ngosuku oluhle kangaka?”

“O, Bhuti Nogwaja,” kwasho imbuzi, “indaba yami ibuhlungu. Ngenkathi ngikhuphuka lapha ekuqaleni kwehlobo, ngahlangana nengangamela yengwe engangobaba. Yathi izongidla. Ngayincenga ukuthi ingangidli, ngathi ingilinde ngize ngikhuluphale ngokwanele. Ngayitshela ukuthi ayilinde kuze kwedlule ihlobo lapho ngizobe sengidle konke ukudla okuhle laphaya emagqumeni.”

“Yathini-ke yona?” kubuza unogwaja.

“Yavuma ukuthi izolinda,” kwasho imbuzi, “yayisithi kumele ngihlangane nayo endaweni efanayo uma sengibuyela emuva. Manje sengiseduze kwaleyo ndawo futhi ngiyazi ukuthi uma ingibona, vele izongidla!” Imbuzi yavele yakhala izinyembezi.

“Nkosi yami! Kwakubi bandla!” kusho unogwaja. “Yindaba ebuhlungu lena. Kodwa khululeka wena. Nginesu. Yekela kimi konke. Wena linda lapha nje.”

Unogwaja wagijima ngokushesha waya ekhaya. Wafike wagqoka izimpahla zakhe ezinhle ukuzedlula zonke. Wafaka isigqoko esikhulu esasinophaphe kanye necici elide elilengayo. Emva kwalokho wayesethatha iphepha, ipeni nesihlalo somgibeli esincane, wayesegijima ebuyela lapho kunembuzi khona.

Wathi uma efika embuzini, wayigaxa isihlalo emhlane maqede washo phezulu sengathi isilihashi. Ekugcineni bafika endaweni lapho imbuzi eyayizohlangana khona nengwe. Nebala ingwe yayimi ithe phuhle phakathi nendlela, ilindile.

“Ungubani wena?” kubuza unogwaja. “Wenzani lapha?”

“NginguMnu Ngwe kanti lapha ngilinde uNkz Mbuzi,” kwasho ingwe, icasukile. “Senza isethembiso. Ngitshele-ke, ngempela wena ungubani?”

“NginguMnu Nogwaja. Ngithunyiwe lapha ngenhloso ekhethekile yiNkosi Enkulu uSingewe, yobukhosu obukhulu kunabo bonke kwelase-Afrika. Ingicelle ukuthi ngiyiqoqele izikhumba ezilishumi zezingwe ukuze zibe yisipho senkosikazi yayo entsha. Sengibe nenhlanhla nje ukuhlangana nawe. Isikhumba sakho sizoba sihle kakhulu.”

Unogwaja wayeka ukukhuluma wayesekhipha ipeni lakte nephepha, wabhala phansi, *Eyodwa enkulu* ... Emva kwalokho wayesema ebuka ingwe.



Ingwe yayethukile ngekuzwileyo ngangokuthi yavele yafulathela yemba yembulula iphephisa impilo yayo.

Imbuzi yayithokoze kakhulu futhi yabonga unogwaja ngokuyisindisa kwakhe. Emva kwalokho imbuzi nonogwaja base beyahlukana ngezindlela. Unogwaja waphindela emzini wakhe kanti nembuzi yabuyela kowayo. Yayijabule kakhulu, futhi yakhuluphala kakhulu kunakuqala.

• **VEZA UBUCIKO BAKHO!**

- Mema izingane zakho ukuthi ziphakamise ukuthi ingwe yayicabangani ngenkathi
- unogwaja echaza ngenhloso yakhe ekhethekileyo. Emva kwalokho zicele
- zidwebe isithombe salesi sigcawu, bese zifaka nebhamuza lomcabango kuso.

Linda ngize ngikhuluphale ngokwanele!

IxoWendy Hartmann • Imidwebo nguSimphiwe Mangole



Ezibonakalayo

Dweba ibalazwe elibonisa izindawo ezhlukile odabeni – ikhaya lembizi, amagquma, izindlela, indawo lapho imbuzi ihlangene khona nengwe nekhaya likanogwaja. Sebenzisa ukwaziswa okusodabeni ukuze lukusize wazi ukuthi uzozibeka kuphi lezi zindawo ebalazweni.



Ukufunda


Funda ngokunaka! Thola amagama odabeni akutshela ukuthi

- ★ imbuzi ike yaya emaqumeni ngaphambili
- ★ ingwe ibiyinkulu
- ★ imbuzi ibiyesaba ingwe
- ★ imbuzi ibithanda futhi yethemba unogwaja
- ★ ingwe ibicasukile uma ihlangana nonogwaja.



Ukubhala

Ingwe ibicabangani njengoba unogwaja uchaza icebo elikhethekile ofuna ukulenza? Dweba isithombe salesi sigcawu. Hlanganisa nebhamuza lokucabanga bese ubhala kulo lokho obekucatshangwa unogwaja.



Umsebenzi wezandla

Sebenzisa ubumba noma inhlama yokudlala, nezinto ezilahliwe ukuze wakhe ingxenye oyithandayo yodaba.



Ukusebenza

Lingisa udaba kuyilapho omunye efundela phezulu. Cabanga ngokuthi ezinye izilwane odabeni zihamba kanjani. Sebenzisa ukunyakaza komzimba ukubonisa ukuthi imbuzi isikhulupheli lapho ibuyela ekhaya ibuya emaqumeni.